- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Ukulalela nokuKhuluma: Fundisa ulwazimagama bese nixoxa ngesithombe sendikimba

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Amakhadi olwazi-magama, izithombe, izinto

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**
   a. Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
      - *imiyalelo: Imithetho noma izinkomba ezikutshela ukuthi wenzeni noma ukuthi into yenziwa kanjani.*
      - *uphephile: Ukuvikeleka engozini noma ekulimaleni.*
      - *lingeka: Ukuzizwa ufuna ukwenza okuthile, ngisho wazi ukuthi awufanele.*
      - *ukwesaba: Umuzwa oba nawo uma ucabanga ukuthi into ingakulimaza noma iyasabeka.*
   b. Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye.
2. **Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 98.
   b. Tshela abafundi ngolwazi olulandelayo ngesithombe:
      - *Imiyalelo ivame ukunikezwa ukusiza, ukubonisa indlela nokusivikela. Imiyalelo ingabuya kubazali, kothisha, kubaqaphi nakwabanye abadala abathembekile. Nanoma izingane zingavama ukungaqondi ukuthi kungani ziyalelwa ukwenza izinto ezithile, kubalulekile ukubona ukuthi imiyalelo inikezwa ngenxa yesizathu.*
      - *Uma silandela imiyalelo, sivama ukugwema amaphutha, ukulimala nezinkinga ezingafanele. Uma siyiziba singazithola sibhekane nemiphumela ebingavikeleka.*
      - *Ukulandela imiyalelo akulula ngazikhathi zonke. Kufanele sizijwayeze ukuzithiba nokuthatha izinqumo. Lokhu kungaba lukhuni kwesinye isikhathi - njengokuthi uma sizizwa sijahile noma sicindezelwa abangani.*
3. **Xoxa ngesithombe.**
   a. Sebenzisa imibuzo elandelayo ukuxoxa ngesithombe kanje:
      - Buza umbuzo wokuqala.
      - Yalela abafundi baxoxe nozakwabo ngombuzo.
      - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
      - Yakha ulwazi lwabafundi lwangaphambilini ngokulungisa ukungaqondi nangokwabelana ngolwazi oluhambisana nendikimba.
      - Phindaphinda le ndlela kuyo yonke imibuzo.
4. **Imibuzo:**
   a. *Yimiphi eminye yemithetho noma imiyalelo oyilandela nsuku zonke?*
   b. *Kungenzekani uma singalendeli imithetho noma imiyalelo?*
   c. *Ungacabanga ngesikhathi lapho waphula khona umthetho noma wangalandela umyalelo? Kwenzekani?*

Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ikhadi Lemisindo

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizobuyekeza imisindo ehlobene ne:** *q*
   a. Khombisa abafundi ikhadi lemisindo lefonimu ngayinye kulawa alandelayo: *n, q, w*
   b. Cela abafundi ngabanye bafunde umsindo ngamunye.
   c. Tshela abafundi babhale isihloko ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: *q*
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo.** *n + q*
   a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
   b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abehlukene babelane ngamagama abo.
   c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala. *inqwele, inqwaba*
   d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 99.
   b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
   c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.

Ukubhala ngesandla: Yakha ikhono lokubhala ngokushelela

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ishadi Lokubhala Ngesandla

1. **Tshela abafundi ukuthi kubalulekile kubo ukwakha ikhono lokubhala ngokushelela.**
   a. Chaza ukuthi kusho ukuthi kufanele babhale:
      - Ngobuchule, kungabi namaphutha
      - Ngesivinini esifanele hhayi ngokunensa kakhulu
      - Ngobunono, ukuze umbhalo wabo ufundeke
2. **Tshela abafundi bawakhumbule la maphuzu futhi bazame ukwenza kangcono ikhono labo lokubhala ngokuhlukanisa kuzo zonke izifundo.**
3. **Bonisa ukuthi imisho ibhalwa kanjani ngokufanele.**
   a. Bhala imisho enikeziwe ebhodini.
   b. Njengoba ubhala, chaza amaphuzu abalulekile mayelana nokwakhiwa kwezinhlamvu, izimpawu zokubhala, izikhala phakathi kwamagama nosayizi wombhalo wakho.
   c. Tshela abafundi bakopishe imisho esebhodini.
   d. Njengoba abafundi bebhala, hamba ubazungeze uhlinzeke ukweseka njengoba kudingeka.
   e. Imisho
      - UQwabe uqoqe inqola kaQhawe izolo.
      - Ingqondo kaQhawe iyakhathala.
      - Ufuna ukubona inqaba afunde ngayo.

Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kokuqala

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Iqoqo Lezindaba, Ikhasi 175

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kokuqala.**
   a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
   b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
   c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Hlala uphephile Lesego!*
   d. Ithi: *Le ndaba imayelana nentombazane ebizwa ngoLesego unina wayo oyitshela ukuthi ihlale iphephile futhi igweme izindawo ezithile. Emuva kwesikhashana umakhelwane ucela uLesego ukuthi aye esitolo esiseduze neshibhini. ULesego uya esitolo kodwa akayilandeli imithetho kanina yokuphepha. Endleleni uzizwa esaba wabe eseqonda ukuthi kungani unina enze leyo mithetho. Le ndaba isisiza ukuqonda ukuthi kungani imithetho ibalulekile.*

2. **Yenza Ukufunda Kokuqala kanje:**
   a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
   b. Khombisa abafundi izithombe.
   c. Lapho kufanele khona, yima uchazele abafundi.
   d. Balula amagama akulwazimagama uma evela.
   e. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 1 kanje:
      - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
      - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
      - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
   f. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
      - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yoku: Buza imibuzo / zibuze
      - Buza abafundi: Kumnandi ukucabanga ngendaba bese sizibuza imibuzo. Yimiphi imibuzo onayo ngale ndaba?

Ukubhala: Lingisa iKNZ nomsebenzi

ISIKHATHI: imizuzu engama-20

IZINSIZA: Uhlaka lokubhala:

Ngithanda ukudlala...

Ngidlala no...

Umgomo womdlalo u...

Umthetho owodwa uthi...

Omunye umthetho u...

Imithetho yenza kubemnandi ngoba...

1. **Yethula iKNZ (UKwakhekha Nezimiso Zolimi) egxilile.**
   a. Ithi: Kuleli sonto sizogxila: Ukuqinisekisa ukuthi sibhala izigaba ezigxile emqondweni oyinhloko owodwa. Yonke imisho esigabeni kufanele ibe mayelana nomqondo owodwa,.
   b. Bhala umusho ebhodini: Imisho esigabeni igxile emqondweni oyinhloko owodwa.
   c. Khomba kuKNZ: Isigaba ngekhompyutha. Nginekhompyutha ekhaya. Isedeskini lami. Ngisebenzisa ikhompyutha yami ukwenza umsebenzi nokudlala imidlalo.
2. **Yethula umsebenzi obhalwayo.**
   a. Ithi: Kuleli sonto sizo: Dweba isithombe bese ubhala izigaba ezimbili ezimfushane ezinemisho emi-3 ngasinye.
   b. Ithi: Sizodweba bese sibhala ngalokhu: Umdlalo owudlalayo lapho ulandela khona imithetho.
3. **Chaza ngomlomo impendulo yakho yomsebenzi obhalwayo, ngaphambi kokuba uyibhale.**
   a. Ithi: Ngithanda ukudlala...
4. **Bonisa umsebenzi ebhodini.**
   a. Dweba ngokushesha isithombe esikhombisa: Wena, udlala umdlalo.
   b. Khombisa abafundi ukuthi lugcwaliswa kanjani uhlaka lokubhala.
   c. Khomba kuKNZ: Imisho esigabeni igxile emqondweni oyinhloko owodwa.

UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 5&6

ISIKHATHI: imizuzu engama-30

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

Izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga (ezingahli-nzekwanga yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
   b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
   c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 99.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 5 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
   b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
   c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
   d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
   e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
   f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
   a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
   b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
   c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 5 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 6.**

Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Izinsiza zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ikhadi Lemisindo

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizoqhubeka nokubuyekeza imisindo ehlobene ne:** *q*
   a. Tshela abafundi babuyele esihlokweni ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: q
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo.** *q + w*
   a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
   b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abehlukene babelane ngamagama abo.
   c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala. ushiqwasa, uqwashisa
   d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Phinda ngokuhlanganisa imisindo.** *Kunenqwaba, babaqwashise*
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesine Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 100.
   b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
   c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.

Ukubhala ngesandla: Yakha ikhono lokubhala ngokushelela

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ishadi Lokubhala Ngesandla

1. **Tshela abafundi ukuthi kubalulekile kubo ukwakha ikhono lokubhala ngokushelela.**
   a. Chaza ukuthi kusho ukuthi kufanele babhale:
      - Ngobuchule, kungabi namaphutha
      - Ngesivinini esifanele hhayi ngokunensa kakhulu
      - Ngobunono, ukuze umbhalo wabo ufundeke
2. **Tshela abafundi bawakhumbule la maphuzu futhi bazame ukwenza kangcono ikhono labo lokubhala ngokuhlukanisa kuzo zonke izifundo.**
3. **Bonisa ukuthi imisho ibhalwa kanjani ngokufanele.**
   a. Bhala imisho enikeziwe ebhodini.
   b. Njengoba ubhala, chaza amaphuzu abalulekile mayelana nokwakhiwa kwezinhlamvu, izimpawu zokubhala, izikhala phakathi kwamagama nosayizi wombhalo wakho.
   c. Tshela abafundi bakopishe imisho esebhodini.
   d. Njengoba abafundi bebhala, hamba ubazungeze uhlinzeke ukweseka njengoba kudingeka.
   e. Imisho
      - Inqola kababa ayikho.
      - Kunenqwaba yabagibeli abalinde amatekisi.
      - Osomatekisi babaqwashise ukuthi bahambe ngezinqola.

Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwesibili

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Iqoqo Lezindaba, Ikhasi 175

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwesibili.**
   a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
   b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
   c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Hlala uphephile Lesego!*
   d. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
      - Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
      - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yoku: Buza imibuzo / zibuze
      - Ithi: Khumbulani, besixoxa ngalokhu izolo, ngesikhathi nginibuza: Kumnandi ukucabanga ngendaba bese sizibuza imibuzo. Yimiphi imibuzo onayo ngale ndaba?
2. **Yenza Ukufunda Kwesibili kanje:**
   a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
   b. Khombisa abafundi isithombe.
   c. Sebenzisa izibonelo ezisekhasini lwesingeniso ukukhombisa isiqondiso sokuqondisisa.
   d. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 2 kanje:
      - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
      - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
      - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.

Ukubhala: Hlela uklame

ISIKHATHI: imizuzu engama-20

IZINSIZA: Uhlaka lokubhala:

Ngithanda ukudlala...

Ngidlala no...

Umgomo womdlalo u...

Umthetho owodwa uthi...

Omunye umthetho u...

Imithetho yenza kubemnandi ngoba...

1. **Phinda wethule umsebenzi wokubhala.**
   a. Ithi: Khumbulani, kuleli sonto sizodweba futhi sibhale ngalokhu: Umdlalo owudlalayo lapho ulandela khona imithetho.
2. **Yalela abafundi bacabange ngokwabo ukubhala.**
   a. Ithi: Valani amehlo nicabange nizoluphendula kanjani uhlaka lokubhala.
   b. Ithi: Yabelana nozakwenu ngombono wakho.
   c. Hlanganisani umqondo nibhale amagama abalulekile ebhodini, isib. ibhola lezinyawo, ushumpu, umacashelana, abangani.
3. **Yalela abafundi baqale babhale ezincwadini zabo zokubhalela.**
   a. Ithi: Dweba manje bese ubhala phansi imibono yakho.
   b. Khumbuza abafundi ngeKNZ: Imisho esigabeni igxile emqondweni oyinhloko owodwa.
4. **Hamba phakathi kwabo usize abafundi ngamunye.**
   a. Cela abafundi bakutshele eyabo imibono.
   b. Siza abafundi abanenkinga baqale umsebenzi wokubhala.

UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaqembu 7&8

ISIKHATHI: imizuzu engama-30

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

Izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga (ezingahli-nzekwanga yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
   b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
   c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 100.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 7 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
   b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
   c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
   d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
   e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
   f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
   a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
   b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
   c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 7 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 8.**

Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Izinsiza zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Ukulalela nokuKhuluma: Xoxani ngendaba yokufunda ngokwabelana

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Uhlaka lwengxoxo:

Le ndaba ibimayelana...

Ngimu-thandile umlingiswa... ngoba...

Ngifunde ukuthi...

1. **Lungisa abafundi ubalungiselele ingxoxo yeqembu.**
   a. Hlela abafundi babe ngamaqembu ama-4.
   b. Nikeza iqembu ngalinye 'induku noma itshe lokukhuluma'.
   c. Ithi: Ungakhuluma kuphela uma uphethe 'induku / itshe lokukhuluma'.
2. **Xoxani ngemibuzo yengxoxo.**
   a. Khumbuza abafundi ngendaba yokwabelana yaleli sonto.
   b. Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini.
   c. Funda bese uchaza umbuzo ngamunye (ukuqala komusho).
   d. Tshela abafundi ukuthi ilungu ngalinye leqembu kumele lithole ithuba lokuphendula umbuzo ngamunye.
   e. Khuthaza abafundi bacabange ngezimpendulo ezahlukene.
3. **Yalela abafundi baqale izingxoxo zabo.**
   a. Yalela abafundi abaphethe 'induku / itshe lokukhuluma' baqale.
   b. Hamba phakathi kwabo ubasize lapho kunesidingo.
   c. Emizuzwini yokugcina, biza iqembu lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
4. **Ukulungiselela abafundi**
   a. Khetha abafundi aba-3–4 ukuba benze Izethulo Zomlomo ngoMsombuluko.
   b. Tshela laba bafundi yini abazoyilungiselela yangoMsombuluko. (Bheka uhlelo lwezifundo ze-LK zangoMsombuluko)

Imisindo: Isibizelo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Hlalisa abafundi nezincwadi, amapensela kanye namarula abo.**
   a. Tshela abafundi babhale isihloko esithi, 'Isibizelo' bese bebhala izinombolo 1–5 eduze komugqa oseceleni.
   b. Biza la magama amahlanu alandelayo ukuze abafundi bawabhale eceleni kwezinombolo 1–5: unwele, uhwebo, ulwadlaku, inqwele, inqwaba
   c. Okulandelayo, tshela abafundi babhale umusho owubizayo, basebenzise izimpawu ezifanele.
   d. Biza lo musho olandelayo. Wuphinde ngokunensa, kabili uma kudingeka: Ufuna ukubona inqwele afunde ngayo.
2. **Tshela abafundi basebenzise amapensela anombala ukulungisa umsebenzi wabo.**
   a. Bhala la magama amahlanu kanye nomusho ebhodini.
   b. Njengoba ubhala, phimisa igama ngalinye.
   c. Kulo musho, khombisa uphawu lokubhala olusetshenziswe.
   d. Tshela abafundi bakokelezele amaphutha abo ngepensela elinombala.
   e. Tshela abafundi babhale kabusha amaphutha abo bawalungise.
3. **Qaphela izinselelo kanye nenqubekela phambili yabafundi.**
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesihlanu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 101.
   b. Funda umbhalo ngokuzwakalayo. Tshela abafundi balandele ezincwadini zabo njengoba ufunda.
   c. Funda umbhalo futhi, kulokhu, abafundi kumele bajoyine bafunde nawe.
   d. Bonisa ebhodini indlela yokugcwalisa umsebenzi wokuqonda obhaliwe.
   e. Bonisa ukuthi uqedelwa kanjani umsebenzi weMofoloji ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.

Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangemuva

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Iqoqo Lezindaba, Ikhasi 175

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwangemuva.**
   a. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Hlala uphephile Lesego!*
   b. Chaza ngomsebenzi. Ithi: Namhlanje sizothathela futhi sibhale ngengxenye esiyithandayo yendaba.
2. **Bonisa umsebenzi kanje:**
   a. Vala amehlo wenze sengathi uyacabanga.
   b. Vula amehlo bese uthi: Ingxenye engiyithandayo yendaba yilapho…
   c. Gwema ukukhetha izimpendulo ezisobala kakhulu ngesibonelo sakho.
   d. Dweba isithombe ngokushesha ebhodini. Ngesikhathi udweba, chaza ukuthi udweba ini.
   e. Nezela imisho engu 1–2 ngomdwebo wakho: Ngithande…
3. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
   a. Tshela abafundi bavale amehlo bacabange ngengxenye abayithandayo yendaba.
   b. Ithi: Cabangani ngomqondo wakho, ungakopeli isibonelo sami.
   c. Okulandelayo, tshela abafundi bavule amehlo bese bexoxa ngezimpendulo zabo nozakwabo.
   d. Bese, utshele abafundi badwebe le ngxenye yendaba ezincwadini zabo zokuzilolonga.
   e. Siza abafundi banezele imisho engu 1–2 kwimidwebo yabo.
4. **Vumela abafundi babelane ngomsebenzi wabo.**
   a. Nikeza abafundi imizuzwana bakhombise abalingani umsebenzi wabo.
   b. Biza omunye umfundi azokwabelana nekilasi ngomsebenzi wakhe.

Ukubhala: Klama uhlele

ISIKHATHI: imizuzu engama-20

IZINSIZA: Uhlaka lokubhala:

Ngithanda ukudlala...

Ngidlala no...

Umgomo womdlalo u...

Umthetho owodwa uthi...

Omunye umthetho u...

Imithetho yenza kubemnandi ngoba...

1. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi obhalwayo.**
   a. Ithi: Namuhla sizoqedela usebenzi wethu obhalwayo.
2. **Yethula ukwehlukaniswa.**
   a. Hamba phakathi kwabafundi usize abanezinselelo.
   b. Nikeza abafundi abasebephambili umsebenzi othe xaxa: Nezela omunye umusho embhalweni wakho.
3. **Tshela abafundi bafunde bese beshicilela imibhalo yabo.**
   a. Ithi: Manje sekuyisikhathi sokufunda nihlele umsebenzi wenu obhaliwe.
   b. Ithi: Khumbulani ukuhlola ukuthi: Imisho esigabeni igxile emqondweni oyinhloko owodwa.
4. **Uma isikhathi sikuvumela, cela abafundi babelane ngomsebenzi wabo obhaliwe.**
   a. Abafundi bangabelana nabalingani ngomsebenzi wabo obhaliwe.
   b. Abafundi abayingcosana bangabelana nekilasi ngomsebenzi wabo.

UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 9&10

ISIKHATHI: imizuzu engama-30

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

Izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga (ezingahli-nzekwanga yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
   b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
   c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 101.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 9 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
   b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
   c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
   d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
   e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
   f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
   a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
   b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
   c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 9 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 10.**

Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Izinsiza zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Ukulalela nokuKhuluma: Isethulo Somlomo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Abafundi abakhethiwe bazoletha into noma isithombe soku 'Bonisa uChaze'

1. **Hlalisa abafundi ukuze babuke ozakwabo bethula izethulo zabo zomlomo.**
2. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi olandelayo: Bonisani nichaze**
   a. Phakamisa into noma isithombe osilethile ukuze usibonise.
   b. Sitshele ngento noma isithombe osilethile. Ithi:
      - Namuhla ngizonitshela mayelana...
      - Yi... (ubungako, umbala, isisindo, isimo sayo, njll.)
      - Isetshenziselwa...
      - Ngiyithanda ngoba...
   c. Bese, ubuza ikilasi: Ingabe kukhona imibuzo?
   d. Uma kukhona onombuzo, zama ngokusemandleni ukuwuphendula.
3. **Khumbuza abafundi ngala makhono ezethulo ngomlomo:**
   a. Uma wethula indaba yakho, khumbula lokhu:
      - Bamba into noma isithombe sakho ukuze wonke umuntu asibone.
      - Yisho imisho yakho ngokulandelana kwayo
      - Yisho into kube kanye – ungaziphindi
      - Khulumela phezulu, ngezwi elicacile
4. **Biza abafundi abaqokiwe ngamunye ngesikhathi bazokwethula umsebenzi wabo.**
   a. Yakha ukuzethemba komfundi ngamunye ngokuthi ubonge indlela ethule ngayo umsebenzi wakhe bese ubanika umbono owakhayo.
   b. Ekugcineni kwesifundo, nikeza abafundi umbono ojwayelekile ngezethulo zabo ukuze benze kangcono ngokulandelayo. Isibonelo: Ngibe nobunzima bokuzwa abanye benu. Ngicela nizame ukuphakamisa amaphimbo - sifuna ukuzwa lokho enikushoyo.

Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ikhadi Lemisindo

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizobuyekeza imisindo ehlobene ne:** *s*
   a. Khombisa abafundi ikhadi lemisindo lefonimu ngayinye kulawa alandelayo: *n, s, w*
   b. Cela abafundi ngabanye bafunde umsindo ngamunye.
   c. Tshela abafundi babhale isihloko ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: *s*
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo.** *n + s*
   a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
   b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abehlukene babelane ngamagama abo.
   c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala. *inswelaboya, ensimini*
   d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 103.
   b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
   c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.

Ukubhala ngesandla: Yakha ikhono lokubhala ngokushelela

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ishadi Lokubhala Ngesandla

1. **Tshela abafundi ukuthi kubalulekile kubo ukwakha ikhono lokubhala ngokushelela.**
   a. Chaza ukuthi kusho ukuthi kufanele babhale:
      - Ngobuchule, kungabi namaphutha
      - Ngesivinini esifanele hhayi ngokunensa kakhulu
      - Ngobunono, ukuze umbhalo wabo ufundeke
2. **Tshela abafundi bawakhumbule la maphuzu futhi bazame ukwenza kangcono ikhono labo lokubhala ngokuhlukanisa kuzo zonke izifundo.**
3. **Bonisa ukuthi imisho ibhalwa kanjani ngokufanele.**
   a. Bhala imisho enikeziwe ebhodini.
   b. Njengoba ubhala, chaza amaphuzu abalulekile mayelana nokwakhiwa kwezinhlamvu, izimpawu zokubhala, izikhala phakathi kwamagama nosayizi wombhalo wakho.
   c. Tshela abafundi bakopishe imisho esebhodini.
   d. Njengoba abafundi bebhala, hamba ubazungeze uhlinzeke ukweseka njengoba kudingeka.
   e. Imisho
      - Kubonakele inswelaboya ekhaya.
      - Ingene ensimini ibaleka.
      - Ibaleke namaswana asekhaya.

Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yethula indaba

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Iqoqo Lezindaba, Ikhasi lesingeniso 187

1. **Yethula indaba.**
   a. Ithi: Kuleli sonto sizofunda indaba esihloko sithi, *UVusi nosebe lomfula*.
   b. Ithi: *Le ndaba imayelana nomfana obizwa ngoVusi othanda ukukhombisa ukuthi unesibindi futhi akesabi lutho. Abangani bakhe bamphonsela inselelo yokuhamba embhedeni womfula owomile emva kwalokho angene emhosheni ogijima amanzi. Emva kwemvula enkulu umfula uyagcwala ube namandla. Ngesikhathi uVusi ezama ukuwela futhi, uyashelela wamuka namanzi. Ekugcineni kwendaba sithola ukuthi kwenzekani kuVusi nokuthi ufundeni kulesi sehlo.*
   c. Ithi: Kukhona okwaziyo ngalokhu?
   d. Khombisa abafundi izithombe zendaba kafushane.
2. **Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.**
   a. Yabelana futhi uchaze ngemininingwane yangaphambilini olunikezwe ngendaba.
   b. Khombisa abafundi ukuthi indaba yenzekaphi usebenzisa imephu Yeqoqo Lezindaba.
   c. Buza: Ninayo imibuzo ngale ndaba?
3. **Chaza isu lokuqondisisa.**
   a. Ithi: Kuleli sonto sizofunda: Yenza iziphetho.
   b. Chazela abafundi ngalokhu kuqondisisa.

UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 1&2

ISIKHATHI: imizuzu engama-30

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

Izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga (ezingahli-nzekwanga yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
   b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
   c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 103.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 1 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
   b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
   c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
   d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
   e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
   f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
   a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
   b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
   c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 1 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 2.**

Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Izinsiza zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Ukulalela nokuKhuluma: Fundisa ulwazimagama

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Amakhadi olwazi-magama, izithombe, izinto

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Khumbuza abafundi ngendikimba.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 94.
   b. Phinda ufunde noma usho ukunothiswa kolimi.
   c. Khombisa abafundi uhlu lwamagama olukulwazimagama sendikimba.
   d. Chaza ukuthi la magama azosisiza ukuqonda nokukhuluma ngendikimba.
   e. Bafundele uhlu lwamagama.
2. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**
   a. Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
      - *usebe lomfula: Umhlabathi ophansi emfuleni.*
      - *ukuzidela: Ukuqunga isibindi futhi uzimisele ukuzama into ethusayo kancane.*
      - *ukuqhatha: Uma omunye ekucela inselelo ukwenza into edinga isibindi, engasile, noma ethusayo kancane.*
      - *consa: am*anzi ehla kancane kuze kuvele umsele.
3. **Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye:**
   K: Khomba isithombe noma into yangempela
   L: Lingisa igama
   T: Tshela abafundi incazelo yegama
   Y: Yisho leli gama emshweni

Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ikhadi Lemisindo

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizoqhubeka nokubuyekeza imisindo ehlobene ne:** *s*
   a. Tshela abafundi babuyele esihlokweni ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: s
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo.** *s + w*
   a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
   b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abehlukene babelane ngamagama abo.
   c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala. inswebolaya, uziswa
   d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
3. **Phinda ngokuhlanganisa imisindo.** *nezinswelaboya, ekuseni*
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesibili Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 104.
   b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
   c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.

Ukubhala ngesandla: Yakha ikhono lokubhala ngokushelela

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ishadi Lokubhala Ngesandla

1. **Tshela abafundi ukuthi kubalulekile kubo ukwakha ikhono lokubhala ngokushelela.**
   a. Chaza ukuthi kusho ukuthi kufanele babhale:
      - Ngobuchule, kungabi namaphutha
      - Ngesivinini esifanele hhayi ngokunensa kakhulu
      - Ngobunono, ukuze umbhalo wabo ufundeke
2. **Tshela abafundi bawakhumbule la maphuzu futhi bazame ukwenza kangcono ikhono labo lokubhala ngokuhlukanisa kuzo zonke izifundo.**
3. **Bonisa ukuthi imisho ibhalwa kanjani ngokufanele.**
   a. Bhala imisho enikeziwe ebhodini.
   b. Njengoba ubhala, chaza amaphuzu abalulekile mayelana nokwakhiwa kwezinhlamvu, izimpawu zokubhala, izikhala phakathi kwamagama nosayizi wombhalo wakho.
   c. Tshela abafundi bakopishe imisho esebhodini.
   d. Njengoba abafundi bebhala, hamba ubazungeze uhlinzeke ukweseka njengoba kudingeka.
   e. Imisho
      - Ugogo uvuka ekuseni ahlakule ensimini.
      - Ukushaya ngoswazi uma ungena ensimini yakhe.
      - Nezinswelaboya nazo uzishaya ngalo uma ziganga.

Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangaphambili

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Iqoqo Lezindaba, Ikhasi 189

1. **Hlela abafundi balungele Ukufunda Kwangaphambili.**
   a. Biza abafundi bazohlala kukhaphethi noma phansi.
   b. Hlala phambi kwabafundi neQoqo Lezindaba.
   c. Qiniseka ukuthi bonke abufundi bayayibona incwadi.
   d. Khumbuza abafundi ngendlela yokuziphatha elindelekile ngesikhathi sokuFunda ngoKwabelana, isib. Hlala ngemilenze ephindiwe; beka izandla emathangeni; lalelisisa; phendula uma ubizwa; phakamisa isandla uma ufuna ukubuza umbuzo.
2. **Yenza Ukufunda Kwangaphambili kanje:**
   a. Isho isihloko sendaba: *UVusi nosebe lomfula*.
   b. Chaza ngekhono lokubikezela. Ithi: Uma sibikezela, sisebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela ukuthi indaba ingani.
   c. Khombisa abafundi izithombe ekhasini ngalinye.
   d. Buza: Nicabanga kwenzakalani lapha?
   e. Buza: Nicabanga lezi zithombe zixhumana kanjani?

UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 3&4

ISIKHATHI: imizuzu engama-30

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

Izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga (ezingahli-nzekwanga yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
   b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
   c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 104.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 3 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
   b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
   c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
   d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
   e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
   f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
   a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
   b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
   c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 3 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 4.**

Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Izinsiza zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Ukulalela nokuKhuluma: Ukuxoxa indaba ngobuciko

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ngobuciko bokuxoxa izindaba.**
   a. Hlela abafundi babe ngamaqembu ama-4.
   b. Tshela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 105.
2. **Tshela abafundi babheke isithombe.**
   a. Buza: Yini eniyibona kulesi sithombe?
3. **Tshela abafundi baqambe indaba emfushane ngamunye besusela esithombeni.**
4. **Tshela abafundi bayihlele kanjani indaba yabo. Ithi:**
   a. Nikeza umlingiswa ngamunye igama endabeni yakho.
   b. Isho indaba yenzeka kuphi.
   c. Indaba yakho kumele ibe nesiqalo, umzimba nesiphetho.
   d. Lesi sithombe sibonisa ingxenye ethile yendaba yakho.
      - Isithombe singakhombisa isiqalo sendaba yakho.
      - Isithombe singakhombisa umzimba wendaba yakho.
      - Isithombe singakhombisa isiphetho sendaba yakho.
   e. Ungayiqala indaba ngokuthi:
      - Ekuqaleni, izingane zalandela imiyalelo ngokucophelela. Kodwa ke...
      - Izingane zama lapho, zibheke imizila emibili, zingazi ukuthi...
5. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
   a. Nikeza abafundi imizuzwana bacange ngendaba yabo buthule.
   b. Bese, utshele abafundi ukuthi bashintshane ngokuxoxa izindaba zabo eqenjini. Ungakwenza lokhu ngokusebenzisa 'induku / itshe lokukhuluma'.
   c. Besakhuluma abafundi, hamba phakathi kwabo ulalele.
6. **Phetha isifundo kanje:**
   a. Biza umfundi oyedwa abelane indaba yakhe nekilasi lonke, noma ubuze umfundi o-1–2 imibuzo ngezindaba zeqembu labo.
      - Buza: Ibiphathelene nani indaba kaX?
      - Buza: Yini oyithandile ngendaba kaX?
   b. Nika ikilasi umbiko wabo bonke ukuze bathuthukise izindaba zabo. Isibonelo: Ngokuvamile, ekuqaleni kwendaba, siyasho indaba yenzeka kuphi, nokuthi obani abalingiswa. Ngokuzayo, zamani ukufaka lolu lwazi ezindabeni zenu.

Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ikhadi Lemisindo

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizobuyekeza imisindo ehlobene ne:** *t*
   a. Khombisa abafundi ikhadi lemisindo lefonimu ngayinye kulawa alandelayo: *n, t, w*
   b. Cela abafundi ngabanye bafunde umsindo ngamunye.
   c. Tshela abafundi babhale isihloko ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: *t*

2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo.** *n + t*
   a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
   b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abehlukene babelane ngamagama abo.
   c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala. *umuntwana, intuthu*
   d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.

3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 106.
   b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
   c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.

Ukubhala ngesandla: Yakha ikhono lokubhala ngokushelela

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ishadi Lokubhala Ngesandla

1. **Tshela abafundi ukuthi kubalulekile kubo ukwakha ikhono lokubhala ngokushelela.**
   a. Chaza ukuthi kusho ukuthi kufanele babhale:
      - Ngobuchule, kungabi namaphutha
      - Ngesivinini esifanele hhayi ngokunensa kakhulu
      - Ngobunono, ukuze umbhalo wabo ufundeke
2. **Tshela abafundi bawakhumbule la maphuzu futhi bazame ukwenza kangcono ikhono labo lokubhala ngokuhlukanisa kuzo zonke izifundo.**
3. **Bonisa ukuthi imisho ibhalwa kanjani ngokufanele.**
   a. Bhala imisho enikeziwe ebhodini.
   b. Njengoba ubhala, chaza amaphuzu abalulekile mayelana nokwakhiwa kwezinhlamvu, izimpawu zokubhala, izikhala phakathi kwamagama nosayizi wombhalo wakho.
   c. Tshela abafundi bakopishe imisho esebhodini.
   d. Njengoba abafundi bebhala, hamba ubazungeze uhlinzeke ukweseka njengoba kudingeka.
   e. Imisho
      - USanele umile utwayi.
      - Intuthu ikhame uSanele.
      - Yize emile utwayi, uSanele usafuna ukuya entabeni.

Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kokuqala

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Iqoqo Lezindaba, Ikhasi 189

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kokuqala.**
   a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
   b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
   c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *UVusi nosebe lomfula*
   d. Ithi: *Le ndaba imayelana nomfana obizwa ngoVusi othanda ukukhombisa ukuthi unesibindi futhi akesabi lutho. Abangani bakhe bamphonsela inselelo yokuhamba embhedeni womfula owomile emva kwalokho angene emhosheni ogijima amanzi. Emva kwemvula enkulu umfula uyagcwala ube namandla. Ngesikhathi uVusi ezama ukuwela futhi, uyashelela wamuka namanzi. Ekugcineni kwendaba sithola ukuthi kwenzekani kuVusi nokuthi ufundeni kulesi sehlo.*
   e. Ithi: Kukhona okwaziyo ngalokhu?

2. **Yenza Ukufunda Kokuqala kanje:**
   a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
   b. Khombisa abafundi izithombe.
   c. Lapho kufanele khona, yima uchazele abafundi.
   d. Balula amagama akulwazimagama uma evela.
   e. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 1 kanje:
      - Bhekisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
      - Bhekisa Umbuzo 3 & 4 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
      - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
   f. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
      - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yoku: Yenza iziphetho.
      - Buza abafundi: Yini esingayiqagela kahle ngalokhu angasitshelanga ngakho umbhali? Yini ongayiqagela ngemicabango noma imizwa yomlingiswa?

Ukubhala: Lingisa iKNZ nomsebenzi

ISIKHATHI: imizuzu engama-20

IZINSIZA: Encwadini yomsebenzi yeDBE ekhasini: 80

Uhlaka lokubhala:

Ngelinye ilanga...

Okokuqala...

Okula-ndelayo...

Ngase...

Okokugcina...

Ekugcineni...

1. **Yethula iKNZ (UKwakhekha Nezimiso Zolimi) egxilile.**
   a. Ithi: Kuleli sonto sizogxila: Ukuqinisekisa ukuthi igama lokwenza (isenzo) lihambisana nalowo owenzayo (umenzi).
   b. Bhala umusho ebhodini: Uxosha inja. Baxosha inja.
   c. Khomba kuKNZ: Igama lokwenza (isenzo) lihambisana nalowo owenzayo (umenzi).
2. **Yethula umsebenzi obhalwayo.**
   a. Ithi: Kuleli sonto sizo: Bhala indaba enemisho okungenani eyisithupha.
   b. Ithi: Sizodweba bese sibhala ngalokhu: Lebula lezi zithombe ngokulandelana okufanele. Bhala indaba ngezithombe.
3. **Chaza ngomlomo impendulo yakho yomsebenzi obhalwayo, ngaphambi kokuba uyibhale.**
   a. Ithi: Ngizoziqambela indaba ngokwenzeka esithombeni, njengokuthi: Ngelinye ilanga...
4. **Bonisa umsebenzi ebhodini.**
   a. Khombisa abafundi ukuthi lugcwaliswa kanjani uhlaka lokubhala.
   b. Khomba kuKNZ: Igama lokwenza (isenzo) lihambisana nalowo owenzayo (umenzi).

UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 5&6

ISIKHATHI: imizuzu engama-30

IZINSIZA: Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

Izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga (ezingahli-nzekwanga yiNHLRP)

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
   b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
   c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 106.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
   Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 5 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
   a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
   b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
   c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
   d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
   e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
   f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
4. **Ukusebenzisa izincwadi zebanga / Izincwadi zamazinga**
   a. Yabela iqembu izincwadi zokufunda ezikhona. (Izincwadi zokufunda zeBanga / zamaZinga)
   b. Lalela umfundi ngamunye efunda encwadini kuzwakale.
   c. Uma kuhambelana nenqubomgomo wesikole, nikeza abafundi izincwadi zebanga / izincwadi zamazinga baye nazo ekhaya.
5. **Buyisela iQembu 5 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 6.**

Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Izinsiza zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, amaQoqo eziNdaba Nezincwadi Zezindaba - zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa

Imisindo: Buyekeza umndeni wemisindo

ISIKHATHI: imizuzu eyi-15

IZINSIZA: Ikhadi Lemisindo

Incwadi Eyisisekelo Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla sizoqhubeka nokubuyekeza imisindo ehlobene ne:** *t*
   a. Tshela abafundi babuyele esihlokweni ezincwadini zabo: Umndeni wemisindo: t
2. **Cela abafundi bahlanganise imisindo.** *t + w*
   a. Tshela abafundi babhale phansi umsindo ohlanganisiwe nawo onke amagama abawaziyo asebenzisa lowo msindo ohlanganisiwe.
   b. Emuva kwemizuzu embalwa, biza abafundi abehlukene babelane ngamagama abo.
   c. Okulandelayo, bhala amagama alandelayo ebhodini, uwaphimise ngemisindo njengoba uwabhala. ukuthintwa, izintwala
   d. Tshela abafundi bakopishele la magama ezincwadini zabo futhi badwebele umsindo ohlanganisiwe.
